# LEADERSHIP SKILLS FOR CHURCH LEADERS

## AMAPHUTHA ANGU 13 UMHOLI WEBANDLA __ OKUFANELE AWAQAPHELE

1. **AKUBE UIESU KUPHELA OVISISEKELO SEBANDLA - 1>T KHORINTE 3:11**
   Uma sikhuluma iqiniso nje umsunguli "neFounder" yebandla uJesu, umnikazi webandla uJesu. Umholi makangasusi uJesu esihlalweni kuhlale yena, uzofa njengoHerodi ku **Zenzo**

2. **MAKUSHUNVAVELWE UJESU KUPHELA-**
   Umholi makangazishumayeli yena nezirnangaliso azenzayo kodwa makashumayele uJesu **- l*[1] Khorinte 12:20.**

3. **UKUNGAHLANGANI NABANVE ABAHOLI**
   Akangabi inkomo edla yodwa kodwa akahlangane nabanye abaholi afunde kubo.

4. **UKUNGAFUNI UKUPHATHWA**
   Akabe nayo ibhodi noma inhlangano yabafundisi lapo efunda kona izinto eziningi.

5. **liKUBA NEZiMFIHLO ZAKHO WEDWA**
   Akabe nabantu abathembekile akhuluma nabo zonke izinto zebandla, akangabi nezimfihlo.

6. **UKUC1NDEZEKA IZIPHIWO ZABANTU**
   Akabakhuthaze basebenzise iziphiwo zabo angabavimbeli.

7. **UKUVILAPHA NOMA UKUBA ViGWALA**
   Akazifikele mathupha uma kunezinkinga ebandleni angakujwayeli ukuthumela.

8. **UKUNGAWUNAKEKELI UMHLAMBI**
   Akalivikele ibandla lingadliwa izimpisi ezihahayo, akayimele indawo yakhe yokuba uMalusi wezimvu **-Izenzo 20: 29-30**

**9. UKUNGAVIHAMBELI IMiNGCWABO VAMALUNGA EBANDLA**

Bayakudinga kakhulu uma beshonelwe, khala nabakhalayo.

**10. PHUMA ENDABENi VEZIMALi**

Kuyiphutha ukuthi umholi akhulume njalo ngemali Phuma ezimalini, dedela onobhala nosikhwama bakhulume.

**11• UKUNGALAZISI IKOMIDi**

Uma kukhona ozomkhuphula noma ozomgcoba kuyiphutha ukuthi ungalazisi ikomidid ukuze nalo libeke umbono walo sebenza nekomidi lakho.

**12. UKUKHETHA ABAFUNDILE NABANEMALI**

Musa ukugcoba abantu ngoba befundile futhi benemali noma ngoba bephuma eBible School. Umuntu akagcotshwe ngenxa yemisebenzi yakhe, nesimilo nobuqotho bakhe.

**13. UNCA5HUMAVELI NCEZINTO OZIZWA NCABANTU**

Inhlambuluko, noma indaba oyizwile in to ekuphethe kabi emoyeni ungashumayeli ngayo. Ungashumayeli uma usathukuthele ulaka lona izinto eziningi.

**14* UNGAMCINNDEZELIUMOVA**

Noma ngabe seniphucike kakhulu kangakanani kodwa ningamcindezeli umoya wudedeleni usebenze **l$^{st}$ Thesalonika 5:19-20.**

**15• UNCABAKHOKHISA ABANTU IZIMALi EZINKULU**

Uma wenza inkonzo enkulu noma uhambela abantu ungabakhokhisi. Ungenzi ibhizinisi ngabantu ungafuni ukuceba ngebandla. Abanikele kodwa ungabakhokhisi **- Ushumayeli 5:10, Hebheru 13:5.**